# 7. UMaMsibi Nezibuko

Uyazibuka uSophie. Uyazicwalacwala. Ushaya umlozi omncane wokujabula. Azibuke. Hawu! Kukhona umuntu oza emva kwakhe! Phendukiyane! Akukho muntu! Ingani umbone kahle nje ukuthi nguyena uMaMsibi, emboze ubuso bakhe ngeveli elimnyama, elule izandla sengathi ufuna ukuzobamba uSophie? Aqalaze endlini yonke angaboni lutho. Athi uma ebheka esibukweni futhi mbone kahle uMaMsibi esondela ngemva kwakhe. Aphenduke... akukho lutho. Abaleke agcwale indlu yonke manje, aze ayofulathela isibuko lesi esimkhombisa izimanga. Uma esifulathele manje usebhekene newindi lekamelo. Nakulona uzibona kancane. Uma ebhekisisa awubone futhi umfanekiso kaMaMsibi esondela ngemva kwakhe. Aphendukele esibukweni esisendlini. Awubone usungemuva kwakhe futhi umfanekiso kaMaMsibi. Akhale, aze ayoshayeka phansi, athathe isihlwashana.

Ekuphaphameni kwakhe washeshe wakhumbula ukuthi kugcine kwenzenjani. Useyesaba manje ukubheka esibukweni futhi. Indlu yonke inento. Aphuthume emnyango, aphumele phandle, ayoma laphaya ngasothangweni. Aqalaze ukuthi akukho muntu yini ombukayo njengoba ephume entantatheka nje. Akukho muntu. Athi uyama awezwe emphelela amandla. Ahlale phansi khona enhlabathini. Zithi mi izinyembezi.

Uyedwa vo lapha ekhaya. Izingane zisesikoleni. Umyeni wakhe uBhekisisa usemsebenzini. Uzoze abuye ntambama. Ngabe kungcono ukuba ukhona naye baxoxe ngalento evelayo lapha ekhaya. Ngeke e :aungena endlini. Nakanjani uMaMsibi lona kukhona afune ukukwenza kuyena. Uza elule izandla nje ngoba kokunye efuna ukumklinya kungekho muntu. Aqalaze masinyane ngemuva, angaboni muntu. Ahlale athule.

Akangabazi ukuthi kusukela namhlanje umendo wakhe omusha usuwonakele. Ubenethemba lokuthi usegcine wakuthola abekuukululamisa ikhanda abheke unina. Kuthule kuthi du. Kuthe



langazelela kakhulu empilweni yakhe, ukuhlala ngokuthula nomuntu abathandana ngokweqiniso naye. Nakanjani uBhekisisa ubengumuntu ozomphatha ngesandla esincomeka kakhulu. Bekuzonele kuphele lezizindlekwana zokwakha umuzi, banethezeke, bakhohlwe yikho konke okwake kwenzeka kubona, nabake bakwenza bona, kube khona umbuso ekhaya. Kodwa-ke nangu manje uMaMsibi. Sonke lesisikhathi ubengahluphi ngalutho. Yini kodwa manje?

Kodwa umuntu ozokwedlula lapha ambone ehlezi phandle uzothini nje? Ngcono kube khona akwenzayenzayo. Akasezukungena endlini. Asukume. Athathe ishanelo. Ashaneshanele egcekeni. Ushanela ashanele, athi jeqe ngemuva, angaboni lutho. Ushanela kancane ukuze kuqhubeke isikhathi. Aze aqede. Akuzukulunga. Kufanele aphindele endlini. Uzongena kanjani? Uzofela phakathi eyedwa. Acabange acabange, kuze kufike ukuthi makashayele uBhekisisa ucingo emsebenzini amcele ukuba afike manje nje. Nge ke kulunge.

Ayongena endlini, azame ukungabheki lapho kungakhona izibuko. Aze ayofinyelela ekamelweni lapho ikhona imali. Ngesiphosiso usethuka amehlo akhe esebheke kwesinye futhi isibuko. Nango uMaMsibi. Akliwule kakhulu uSophie aphume ngejubane endlini sengathi uxoshwa yimamba, isivalo sithi bhakla ngemuva.

Aphikelele esitolo lapho lukhona ucingo. Angene endlini yocingo. Ashayele uBhekisisa. Aphendule uBhekisisa.

"Yimina uSophie . . ."

"Kwenzenjani Sophie, wezwakala wethukile nje?"

"Kukhona isimanga esingivelelayo. Ngicela ukuba usuke khona manje ubuye . . ."

"Yisimanga sini?"

Uthe uphakamisa amehlo uSophie, ahlala kwesinye isibukwana, nangu uMaMsibi khona kulendlwana yocingo. Akhale uSophie ucingo alulahle emoyeni, aphume ngesidumo. Abaseduzane bethuke, bacabange ukuthi kukhona okuthile endlwaneni yocingo leyo. Kuthi uma sebengenile, bangafici lutho. Baluphindelise endaweni yalo ucingo. USophie akabachazeli lutho, uthi nje usuke wethuka engaphakathi. Usema ngasesangweni lesitolo. Uyazi ukuthi uBhekisisa angasheshe aqhamuke ngemoto azobheka.

Yaqhamuka isindiza emoyeni imoto kaBhekisisa iza khona lapha esitolo. Yaze yama ngakuSophie osesangweni.

"Kwenzenjani Sophie?"

"Ngicela siye ekhaya, ngizokuxoxela sihlezi phansi."

"Ngena-ke."

Angene uSophie. Ibheke ekhaya imoto. Kanti kuzothi endleleni aphakamise amehlo uSophie ahlangane nesibukwana lesi esisemotini umshayeli akwazi ukusisebenzisa ekubhekeni okumlandelayo. Uthe ethi nhla nje, wambona ehlezi esihlalweni esingemuva uMaMsibi. Wagxuma uSophie wayodumela isondo lemoto. Kwasiza ukuba ibingagijimi kakhulu, washeshe wayimisa uBhekisisa.

"Kwenzenjani?"

"Asiqhubekele ekhaya," esho ebheka phansi uSophie imoto iqhubeka.

Bangena ekhaya nje ulokhu ekhophozile uSophie. Baze bahlale ngasetafuleni.

"Angazi ukuthi sivelelwa yini. Lokhu kuqale ekuseni ngithi ngiyazibuka, ngibona sekukhona umuntu emva kwami."

"Ngubani lowo?"



"Ngu-, ewu angazi nje . . ."

"Shono phela ukuthi ngubani."

"NguMaMsibi."

Ethuke ngokunye uBhekisisa, abuye abuzabuze ngokufika kukaMaMsibi, achaze futhi uSophie. Zonakale izinto. Kanti kuzothi besaxoxa nje bebukana emehlweni, uSophie ambone futhi uMaMsibi emehlweni kaBhekisisa, akliwule aze azithi mbo phansi. Asho ngesibibithwane ukuthi uthe ubheka amehlo wambona esondela futhi uMaMsibi elula izandla. Nanso indaba enkulu!

"Ngcono kengikushiye kancane-ke Sophie ngiyobika emsebenzini ukuthi awuphathekile kahle ngizobuye ngi-."

"Angikwazi ukusala ngedwa lapha ekhaya ngoba angazi ukuthi ulokhu eza kimi nje uqonde ukwenzani."

"Angisho ukuthi kukhona ingozi ayiqondile . . ."

"Ukutshele nini ukuthi akaqonde ngozi?"

"Pho manje uthi angenzenjani ngoba kufanele bazi emsebenzi ukuthi angikho nje kwenzenjani?"

"Mina angizukusala ngedwa lapha."

"Kulungile-ke sizohambisana siye emsebenzini, ube ngumuntu ogulayo engizomedlulisela esibhedlela. Sesingabuya sizocabanga kahle ukuthi senzenjani ngalento."

Kwaba yilona lisu abavumelana ngalo lelo. UBhekisisa amyalisise uSophie ukuthi kumele azame ngamandla onke ukuvala amehlo noma abheke endaweni eyodwa engenasibuko. Afike emsebenzini, abuye naye uSophie beze ekhaya.

Lento mayelashwe. Abakwazi ukuya kodokotela ngoba ngeke basiza ngalutho. Bayesaba nokuya kodokotela abelapha umqondo. Phela kungenzeka bese iphuma yonke indaba kaMaMsibi, ibabeke kwenye ingozi futhi oBhekisisa. Nezinyanga ezisedu ze abezethembi. Kwazona zingathatha izinyathelo ezizobalimaza oBhekisisa. O! UPillay! Bake bezwa ngaleyonyanga yeNdiya ukuthi iyakwazi ukulwa nemimoya emibi ehlasela abantu. Ingani abanye bayibiza ngokuthi ngu"Profesa" imbala. Sekudingeka baphikelele kuyona manje nje, lento inqandwe ingakenzi monakalo.

Sonke isikhathi manje ubheke phansi uSophie. Kuthi noma ebheke kuzo zonke izibuko uBhekisisa kungasolisi lutho. Amangale nje.

Bangene emotini baphikelele kuPillay. Pho abantu bangakanani abeze ngezinto ezahlukene! Bazolindela isikhashana oBhekisisa. Usagobodisile uSophie.

Kuze kufikwe kubona. Nguyena uBhekisisa ochaza into eyenzekile ngoba akasenamlomo uSophie, ukukhiqileka nje kuphela. Athathe isibuko uPillay acele uSophie ukuba asibuke futhi. Kube ngukuthi nhla nje, nangu uMaMsibi. Abheke phansi ngesidumo.

"Niyamazi yini lomuntu okhathazayo manje?"

"Yebo siyamazi," kuphendula uBhekisisa.

"Usaphila noma akasekho?"

"Akasekho emhlabeni."

"Wafa kanjani?"

Du.

"Ngifuna ningitshele phela ukuthi wafa kanjani ukuze sibone indlela yokusebenza lento."



Du. Ngesikade, kukhulume uSophie: "Sicela ukuba uzame ukuqeda lento ungabuzanga izinto eziningi. Sizokukhokhela."

"Uma ningafuni ukungichazela, anginamandla okunisiza. Yedlulani-ke, baningi abantu."

Bathi bayazindezindela, abhoke ngolaka uPillay abize abanye abafuna usizo. Basuka bezihudula nje oBhekisisa. Baye emotweni yabo. Bebengakhulumanga bavumelana ngokuzotshelwa Pillay, yikho sebephenduke imithothongo nje phambi kwenyanga. Bathi ukuhlanganisa amakhanda. Naye uPillay lona abazi ukuthi bangamethemba kugcinephi. Kodwa ngokuphikelela kukaSophie bagcina bevumile ukuthi abamtshele konke uPillay. Babuyele eheleni futhi. Sebebaningi manje abantu.

Kuthi uma sebefika kuPillay futhi, wayisinqawunqawu wathi nje akabhekani kabili namuntu munye. Uma besafuna ukuza kuyena sebengabuya kusasa. Babayathe bayancengancenga, wadloba inganekwane. Baze badikila. Babona abeze ngayo.

Bafika ekhaya uSophie wangena ekamelweni wazithi shuthe ezingutsheni. Uzwa ngesibibithwane nje ukuthi kukhona isililo ngaphansi kwengubo. Uyathatha uyabeka. Ithemba alibulali. Uyezwa ukuthi izingane seziyafika ziphuma esikoleni. Amuzwe uyise ezitshela ukuthi unina akaphathekile kahle. Zingezi ezinye ezimbili izingane, kodwa intombazanyana yakhe ize izohlala ngasembhedeni izobuza ukuthi yini. Abike ikhanda, abike nesisu namanye amanangananga. Akuvumi nokuba ayibheke lengane; uyakwazi azokubona emehlweni ayo. Nayo-ke bandla bese ithi ayimshiye unina uma esezinhlungwini njalo.

Kusebusuku nje bazama ukududuzana okungasho lutho ngokuthi nakanjani yinto ezophela lena. Bona sebezozama ukuba nesandla esihle ngokwedlulele ezinganeni zikaMaMsibi, kokunye ubuya nje ngoba kukhona okumkhonondisayo ekuphathweni kwazo. Asole naye uSophie ukuthi impela ubeke afikelwe ulaka nje uma ezilu-

ngisela izinto, abone esezikhahlamezile. Noma eziphakela kuba sengathi angaziguba. Futhi kubuya nesikhwelana sokuthi uyise uzithanda ngokweqile zona. Nokho uzoke azame okunye uma izinto zinjena. Kungase kusize ukuba basale sebemchazela konke okwenzekayo uPillay.

Zanele zahamba nje izingane ukuya esikoleni bangena emotini baphikelela kuPillay futhi. Ngeshwa elikhulu abaze bamfica. Kusele inkosikazi yakhe namhlanje. Banele bayichazela kancane abakhala ngakho, yabanika amanzi yathi abafike bawachele ekhaya. Uma kungekho bungcono babuye ngakusasa, uzobe esekhona umnumzana.

Bafika ekhaya bazenza izabana. Bachelachela egcekeni. Kwaba sebeziqhubele phambili izimanga manje. Kuthi esemi phandle uSophie, ezwe izwi ngemuva kwakhe: "Uyajabula-ke Sophie, he-he-he!" lihleka ngokuhoshozela. Akangabaza ukuthi ngelikaMaMsibi. Wathi uma ejeqeza ngemuva, wabona isithunzana somuntu wesifazane sisithela ngemuva kwakhe. Athi uyaphenduka ubheka ngapha, asibone futhi isithunzi sesisithela ngemuva. Ahlehle aze eyame ngodonga. Uma ethule, ubona ngakwelinye icala leso kukhona umuntu omile. Uma ethi ubheka kulomuntu ngawo omabili amehlo, lomuntu ubaleka ashone ngemuva futhi avele kancane. Akhale manje uSophie. Ambongoze aze ezwe uBhekisisa. Ayeke ukuchela azobuza ukuthi sekuyini. Umfica usemboze amehlo ngezandla manje uSophie. Achazachaze, athi abaphindele endlini.

Bangene endlini aze aziphonse embhedeni uSophie, ubuso abuthi mbo. Kwathi uma ephakamisa amehlo uBhekisisa ethi nhla esibukweni, hawu! Nguyena ngempela uMaMsibi! Athi jeqe ngemuva angaboni lutho. Angasho lutho, naye azithi mbo ngobuso eduze kukaSophie.

Bathi besathe mbo, ethuke agxume abheke phezulu uSophie: "Nango manje useyangithinta bese ehleka." Ayaluze agcwale indlu



yonke. Aphenduphenduke nendlu yonke ede emkhomba: "Nangu ebaleka eshona emva kwami. Usengapha manje, uyabaleka!" Kulokho kuzungeza amehlo aze ahlangane nesibuko, ambone kahle kusona uMaMsibi eza emva kwakhe. Abuye azithi mbo embhedeni.

Usebonile ukuthi uBhekisisa naye akasavuki. Abike noBhekisisa ukuthi naye umbonile uMaMsibi. Yena umbone emi nje kwehla izinyembezi emehlweni. Nanso indaba enkulu!

Uma wedlula kulendlu usungezwa ubudididi endlini manje. USophie uyayaluza. Uyazungeza ede ekhomba ngapha, nangapha. Phahla! Kwafisa okwewindi lokho! Kufa isibuko. UBhekisisa unele wambona futhi uMaMsibi wasakaza isibuko uqobo. Kodwa akwasiza ngoba ubuye wabheka ewindini wambona esemi ngakhona. Wadumela insinjana esendlini waliphihliza newindi. Uthe usazama ukuvala amehlo, wabona uSophie esephuma ngomnyango elokhu ephenduka yedwa. "Nangu nje, uyabaleka, nangu manje ngapha." Aze aphume ngesango uSophie. Kwaba lukhuni ukuba alandele uBhekisisa. Wambona uSophie ethathela kakhulu ede ephenduka ekhomba, eze eyosithela emgwaqeni.

Anele abone uBhekisisa ukuthi kukhona okuzokwenzeka namhlanje, aphume lapha ekhaya, ashone ngasehlathini ayocasha khona. Kwedlula isikhathi eside, wabona sekuqhamuka imoto laphaya emgwaqeni. Ifike ime egcekeni. Kuphume amadoda amabili aphuthume endlini. Kuthiriya nya, aphume. Angene emotini futhi. Ahambe. Ezwe kancane uma isuka imoto sengathi kukhona omemezayo phakathi, sengathi yizwi likaSophie.

Yilona izwi likaSophie. Nakhona lapha emotini usalokhu ethuka ubala ekhomba ndawo zonke. Bayamuzwa useyakliwula.

Lemoto inele ifike emaphoyiseni, kuthiwe ngcono iphuthume emzini wabasangene emakhanda.

Nakhona ngomkhulu umsebenzi kubanjwa uSophie. Kwazingubo zakhe manje ngamantayintayi. Ulokhu embonile uMaMsibi. Ulokhu eluzwile uhleko. Ulokhu ephenduphenduka, ekhomba; "Nangu manje, nangu esithela . . ."

Kwaze kwaba khona ukudamba esefakwa umjovo omenze ukuba athathe isithongwana.

Ngakusasa kwathanda ukwedlulela phambili. Ufuna ukudlubulundela manje. Ugxuma abheke phezulu. Umuzwa ememeza ethi nje: "Angishongo ukuthi ngiyajabula . . . Angijabuli!" Aphenduphenduke.

Ngabuciko bumbe, abalapha baze bakwazi ukumenza axoxe kahle into ezwakalayo. " . . . sasithandana ngempela noBhekisisa. Ngangazi ukuthi uganiwe . . . kodwa nami ngase nginengane yakhe . . . ngangibona ukuthi akahlezi kahle noMaMsibi . . . ngakuthatha njengento encane ukuthi sizozama ukususa isiphazamiso esinguMaMsibi . . . . ngethuka lapho sengibona efile . . . kodwa ngaphakathi kwakukhona ukuthokoza ngoba ngingasezukuphazanyiswa yilutho . . . ngiyazi ukuthi amaphoyisa ehluleka ukuthola ababulali . . ." axoxe ende indaba, kude kubhalwa phansi akushoyo. Kwaze kwaphazamisa yena futhi uSophie esegxuma ebheka phezulu, ekhomba ndawo zonke.

Kwathunyelwa abanye ukuba bayobheka uBhekisisa. Bahlangana naye emgwaqeni ephenduka, ekhuluma yedwa, ekhomba. Kuzwakala ephindaphinda: "Ngixolele phela. Ngangingazi . . ."

Bavalelwe ezindaweni ezahlukene. Benza into efanayo. Bayamkhomba uMaMsibi. Bayaphenduka, baphenduke, baphenduke.